SQ496.344A - 82 Sha
J.P.L.



Episode One

# "THE COMEDY OF ERRORS"

(AKUNSINI KUXABENE UBENDLE)

(Shakespeare)

UMDLALO OLUNGISELELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE............. WRITTEN

Ngu.................By

K. E. MASINGA.

| Abadlali | Cast |
|---|---|

Mxoxi-1.

Mxoxi- 2.

iPolisa

S308 1858

INKOSI ( Duke Of Ephesus)

AEGEON( Merchant Of Syracuse)
(Umthengisi wase Syracuse)

EMILIA(Wife Of Aeegeon an Abbess at Ephesus)
(Umka Aegeon,Umfundisikazi e Ephesus)

ANTIPHOLUS Of Syracuse (Wase Syracuse)

ADRIANA( Wife to Antipholus of Ephesus)
(Umka Antipholus wase Ephesus)

DROMIO OF EPHESUS )
DROMIO OF SYRACUSE) Twin Brothers,and Attendants to on two Antipholuses.
(Amawele Izisebenzi zawo Antipholus)

" THE CC OMEDY OF ERRORS "

" AKUNSINI KUZASENEU6BSENELE "

( Shakespeare)

UMDLALO WOKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE..............WRITTEN

Ngu ...............By

S308 1858

" K. E. M A S I N G A."

Mxoxi   Izwe lase Syracuse lalakhelene nelase Ephesus,kodwa la mazwe ayengezwani.Kwakukhona umthetho wase Ephesus owawuthi:'Uma nje Umthengisi wase Syracuse eke waluthi khasha unyawo lwakhe emzini wase Ephesus,uyo6ulawa noku 6ulawa;ngaphandle kwaloko uma ethanda ukuphila uyohlawu liswa imali ~~engama 1000 marks.~~ ejinkulungwane yopondo "
Kwa6a yisimangaliso uku6onakala kuka Aegeon Umthengisi wase Syracuse ezitaladini zase Ephesus.Wa6anjwa wayiswa enkosini(Duke of Ephesus) ukuyothethiswa icala ahlauli- swe imali enkulu eyesa6ekayo noma a6ulawe.

KUZWAKALA UKUGODLOZELA KWEZINGQUKUMBANE

Polisa   Hawu,lowaya muntu ongagqokisile okwa6antu 6alapha kithi kazi ungu6ani .....We mnumzane dlula ngalapha sizwe.

Aegeon   Ah,ye6o mngqayi!

Polisa   Mngqayi,mngqayi wani?Ungu6ani wena uphumaphi wagqoka kanjena sengathi awusiye owalelizwe lakhithi?Zisho?

Aegeon   Ngingu Aegeon Umthengisi wase Syracuse ....ng ......

Polisa   Wase Syracuse! Ha,woza siye enkosini siyozwa amagunya akho akwenza ulokothe u6eke umcondo wakho lapha,woza.

KUZWAKALA UKUGODLOZELA KWEZINGQUKUMBANE

Polisa   Lomuntu Nkosi ngowase Syracuse,ngim6ambe ehamba ezitala dini zase Ephesus ngo dli.

AEGEON     Mina Nkosi ngiyinzalo yase Syracuse ,umse6enzi wami engawufu ndelayo ngingi Mdayisi. Nganginomfazi engangishade naye , sasihlezi naye ngokuzwana okuhle kakhulu okumangalisayo, unyawoke Nkosi olungenampumulo lwangenza ngaya ezweni lase Epidumnum lapho owakwami wafike wathola amawele ayefana isimangaliso;into eyinqa6a ukuthi kwathi mhla ezalwayo lamawele akwami,kwazalwa namawele futhi ezalwa nga6antu a6a6empofu,6eswele ngishoni,6eyizilambi khona endlini efa nayo neyomkami,nawo ayefana isimangaliso lamawele a6antu a6ampofu,ngenxa yo6uphofu 6ala6o 6antu savumelana na6o uku6a ngiwathenge amawele a6o lokhoke ngangikwenzela uku 6a kuze kuthi uma 6ekhula 6onke kanyekanye lamawele ezi mpofana aze a6e yisise6enzi ezilinde lawa awami amawele. Hawu Nkosi okwami okwezandla nkosi.(akhale,akhixize)

INKOSI     Imihlolo yini nasi isi6oshwa ngithi singixoxela inda6a si khala!Awuqondi yini ukuthi uthetha icala uma ukhuluma nami.Khuluma musa ukufeketha lapha,hamo!

AEGEON     Manjeke Nkosi umkami wayeseloku efundekele ngokucela ukugo duka ngo6a wayesenamawele kanye nalawa amanye ayezo6a zigqi li zawethu.Sakhwela umkhumbi,sathi sikhwele emkhunjini kwavuk ka isikhwishikhwishi sesivunguvungu somoya,sathi si6ona ama tilosi ayesehlulekile ukwenza iza6a ayesemdi6imanye nathi nawo esezama izindlela zokuzisindisa ngokungxambuzeka olwa ndle ngezindlela zokuzisindisa.Umoya wase ukhwishiza okunga gwinyisi mathe nkosi,nathi sesiphazima ingozi ngaso sonke isikhathi;umkhumbi sewulindelwe uku6a uphahlazeke noma nini.

KUZWAKALA UKUGUBA KOLWANDLE OLUNEZIVUNGUVUNGU NOLAKA.

Um'memezi     Umkhumbi wethu uyaphahlazeka noma nini manje,wonke uwonke akazame angase azenzele khona uku6a asindise umphefumulo wakhe.

KUZWAKALA UMSINDO WOKUGUBA KOLWANDLE LUTHUKUTHELE NOKUPHAHLAZEKA KWOMKHUMBI EMATSHENI-AMADWALA OLWANDLE, NOKUKHALA KWA6ANTU.

EMILIA Hawu,he,wangikholisa lomoya yeka nga6anta6ami 6e6ahle ka ngaka,kodwa ngi6onelwe yini Nkosi yamazulu nomhla6a.Hawu sangenxa isivunguvungu solwandle.Hawu,he zazezafa izinga ne zami.Hawu Jesu!

ISIVUNGUVUNGU

Um'memezi Yeyi,Mame musa ukuli6ala ukukhala nokuthandaza.linga indle la nesu lokuzisindisa wena na6antwana 6akho.

ISIVUNGUVUNGU NOKULILA

AEGEON Nkosikazi yami ethandekayo,nina wa6antwana 6ami,musa uku li6ala ukukhala,6ophela lezo zingane zombili ensikeni yo mkhumbi lo,u6ophele eyethu ingane nesigqili sayo,mina ngi zokhungela lena nesigqili sayo,nathi uma sesiqede loko sizisindise ngokuzikhungela kwenye insika.

ISIVUNGUVUNGU NOKULILA

EMILIA Hawu,he,waqonda edwaleni umkhumbi akewubeke;maye!

KUZWAKALE UKUPHAHLAZEKA EMADWALENI

AEGEON Kwathi kusenjalo kwaphahlazeka wonke umkhumbi edwaleni olwandle elali6onwa ngumkami.Kuze ku6e mhla kwaloku angimazi lapho ashona khona nala6aya 6antwana naye akanga zi kapho ngashona khona nala6a a6a6engakimi;kodwa kwathi ngokucwila siputshuka,nga6ona sengathi 6atakulwa omunye wemikhunjana yase Korinte,kwayilaphoke nami ngangitanata neka nalomthwalo wala6a a6a6engakimina;izinto zase zi6ona kala kalufifi umuntu eca6anga ngokufa kunokuphila ngo6a kwase kungukufa okwakuseduze ngaleso sikhathi Nkosi. Angazi nami ukuthi kwa6a kanjani ngo6a ngathi ngi6ona ngase ngisemkhunjini owaye wangithi qithi lapha kuleli lase Syracuse.Ukuthi umkami u Emilia nala6aya 6antwana 6enzenjani kuhlala kungikhathaza njalo.

INKOSI Kanti yona lenda6a oyixoxayo ineminyaka emingaki yehlaka la.

AEGEON Nkosi idlulile iminyaka eyi 18 ngo6a 6a6ezelwe a6antwana ngalowonyaka.

INKOSI Pho wa6a wedwa lapha iphi indodana yakho nesigqili sayo?

AEGEON Wo-he nkosi okwami okwezandla.Phela nayo indodana leyo yami nesigqili sayo kwathi uma se6ekhulile ngokuzwa lenda6a 6aphumaiphuma hokuyofuna a6afowa6o nonina

INKOSI Bahamba nini?

AEGEON Hmn,nkosi seyadlula iminyaka eyisikhombisa 6ahamba,angisa 6azi nangokhasha.Majje sengazula iminyaka eyisihlanu ngi funa 6ona nginga6atholi.Sengake ngafika nase Greece na se Asia ngifuna 6ona phinde uku6a ngi6athole.Ngize ngi6eke umcondo wami nalapha kwephuke nomthetho wezwe lalapha nje ngenziwa ukuhlupheka kokuhambangifunana na6o.6ese ngithi nje cha,ngo6a sekuyafynwa angifune yonke indawo lapho ku khona a6antu khona..

Yikoke ngilapha nje.6engoja6ulangithi noma ngifa 6ona ko dwa sengizwile ukuthi 6ayaphi?nokuthi 6anjani., nokuthi 6ayaphilana?

INKOSI Impela inda6a yakho iyada6ukisa ka6i;uma mina 6engingaci ndezelwe ngumthetho wezwe lakithi 6engizokuyeka ungafi noma 6engizokuyeka ungahlawuliswa;uya6oke Aegeon nami ngi yinkosi nje ukufeza izifungo engazifungiswayo mhla ngi thatha u6ukhosi 6esizwe.Inkosi akusiye umuntu oziphethe, nayo iphethwe yizimiso nezakhiwo.Nami angikwazi ukudala eyami inqu6o noma sengikuhaukela kangakanani Aegeon.

Umusa engingakwenzela wona owokuthi unga6ulawa njengamanje njengaloku kusho umthetho.Ngithinje hambauyofuna imali ye hlawulo yonke engu IOOO marks uyilethe lapha iphelele Hambake uzibekele uyindoda ukuthi ngeke yini uzitholele imali yokuhlenga umphefumulo wakho.

Mxoxi..I. U Aegeon wasuke washaqekanje lapho ezwa inkosi ithi makahambe ayo6oleka imali kanti wayeseshilo ukuthi akazi muntu kulelozwe.Lapho inkosi ithi imenzela umusa woku6a ahambe e6oleka imali, kwa6a sengathi ukumbuqa kuyena lokho.

THE COMEDY OF ERRORS
AKUNSINI KUXABENE UBENDLE

/yamenza .....



Mxoxi 1 ..... yamenza umaqhuzu wamabutho; wayeliqhawe elikhulu nase zimpini; ngolunye usuku wasindisa impilo yenkosi. Ngaleso senzo inkosi yambonga ngokumendisela intokazi yodumo egama layo lalingu Adriana wase Ephesus odumileyo.

ANTIPHOLUS wase Syracuse: We Dromio.

Dromio. S. Mnumzane wami.

ANT. S. Ungakhohlwa yiseluleko esisinikwe yilowaya mnumzane sokuthi asingazivezi ukuthi singabathengisi base Syracuse, kodwa asizibize ngokuthi singabase Epidamnum, ngoba abathengisi noma abantu abaphuma e Syracuse bayabulawa kulelizwe.

Dromio. S. Yebo mnumzane wami ngeke ngakhohlwa, futhi ngeke ngakudalula lokho nempela njengaloku usho ukuthi kusho ukufa.

ANT. S. Nansi imali hambauyozifunela okudliwayo ezindlini zokudla, mina ngisazoke ngihambe ngizula ngibuka izitaladi zalelidiloba laleli lizwe, ngiyobuka nezinyenjeke izindawo ezibiza amehlo ezinhle. Ngithanda nokubonanje ukuthi abantu balapha baziphatha kanjani.

Mxoxi Inceku lena ka Antipholus wase Syracuse, u Dromio wase Syracuse, wayeyositekuli nesincokoli esikhulu, uma behlezi no Antipholus wawungaphika ukuthi uhlezi nenkosi yakhe, ngokuhleka nokutekula okwakubaphakathi kwabo bobabili.
Seyihambile inceku lena yakhe wathula wabanesizungu, waze wacabanga ngosapho lwakwabo, namashwa alo, waze wampompa kakhulu engazizwa.

ANT. S. Wo, he yeka okwami mina ka baba, ngifana namanzi ayiconsi elihlanzekileyo phakathi kwesijwi samanzi olwandle amuncu. Kuthi lapho ngithi ngifuna abakwethu ngilahlekele mina uqobo lwami kakhulu futhi. Bayathokoza abantu abakhula behlala nezinsapho zasemakubo beqondana kahle. Hawu, loku okwami, hayi, okwezandla .

Mxoxi l. Into eyayifike i6e yimpambankwici ehlekisayo nedidayo ukuthi lamawele ayefunana nje efanaisi mangaliso,engekho umuntu owayekwazi ukuwehlukanisa,kanti nezigqili zawo zazingakwazi uku6ehlukanisa na6o 6engakwazi ukuzehluka nisa ngo6a yoku6a zazifana ka6i,na6o 6efana ncwe.

ANT.S. Hawu, Dromio washesha kangaka uku6uya,uyenzeni imali engi kunike yona ngathi hambauyothenga ngayo ngemizuzwana eyingc cosana edlulile?

DROMIO.E. (ngokunganaki okushiwoyo) Hayi mina Nkosi yami ngize lapha kuwena nje ukuzku6iza.

ANT.S. (ethuke) Uzongi6iza,uzongi6izelani?

Dromio.E. Ngithunywe ngu nkosikazi wakho uku6a ngizoku6iza uzodla idina,wathi uma uli6ala liyaphola shesha mnumzane wami.

Mxoxi l. Kulamawele ama6ili ayefana,nezigqili zawo zifana,phela elinye lase lishadile elinye lingashadile,kodwa izigqi li zazehluleka uku6ahlukanisa,uma sikhuluma nomunye si ca6ange ukuthi sixoxa nomunye,nawo engakwazi ukwahlukani sa izigqili zawo zifana.

ANT.S. Angifuni ukutekuliswa kanjalo Dromio uyezwa?Ngiya6uza kuwe ngiphendule,ngithi ihpi imali engikunike yona ngathi ha mbauyithenga washesha kangaka na?Wena ungitshela ngomkami ongi6izayo wani?Ngangike nga6a naye nini lowo nkosikazi?

Dromio.E. Impela nkosi yami ngiku6ikela into engithunywe yona ngu nkosikazi umkakho,othi woza uzodla lingaze liphole idina.

ANT.S. Musa ukungifundekela ngenkosikazi engingayaziyo wena kanti unani wena?

Dromio.E. Cha,nkosi engisho inkosikazi ongayaziyo mina ngisho umka kho wempela.

ANT.S. Kanti uyeyisa ngempela wena u6ona ngo6a ngihlala ngiku hlekisa ngikutekulisa njalo sewuca6angaukuthi ngingumli ngani wakho?Awu6oni ukuthi siyizihambi lapha uma sixa6ana uyo6a yini wena le sigqili lesi.Ngase ngikushaya khona manje.

AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE



Dromio E. Cha,mina nkosi yami ngikutshela engithunywe kona ngu nko sikazi yakho a6akulindele etafuleni nomlamu wakho. Uma uthi uzongishaya ngizo6aleka ukuphela.

ANT.S. (ngolaka) Suka laphaphambi kwami lesigqili esedelelayo ngase ngikushaye ngiku6ulale khona manje.

Dromio.E. (ekhala e6aleka) Hawu kahle nkosi ukungi6ulala!

ANT.S. (ukhuluma yedwa ukhu lumela pha nsi) Wena 6a6ashane,saze seyisa isigqili singitekulisa njengo mnganiwase,kanti impela ukuzijwayeza na6antu a6aphansi loku ku6anga uku6a 6akwedelele mhla ungaqondile wena. Lesigqili yini nje nempela le esiyikhuluma kimina ngiyi nkosi yaso-arha!

KUZWAKALA UKUKHEFUZELA OKUZAYO

Dromio.E. E.e,e, nkosikazi ungixolele ngokuli6ala kagaka!

ADRIANA Inkosikazi ka ANT.S. Ufika sewukhefuzela nje uxoshwa u6ani?Uphumaphi? Kade uphi sonke lesikhathi kade ngikuthumile lesiduphunga lesi?

Dromio.E. : (ekhefuzela) Kade ngilinga uku6uya naye umnumzane inkosi yami umyeni wakho uAntipholus ........(amnqume ulimi)

ADR Eh,eh,pho wamshiyaphi?enzani? Ko6e nguyenake.

Dromio.E. Uyenqa6a uthi yena akanamfazi,akamazi lomfazi engim6izela yena uku6a ayodla idina naye ukuthi oka6ani wayemshade ni ni ephi,waze wagcinangokungishaya wangixosha impela,ngikhe khefuzelanje ngixoshwa nguyena engishaya.

ADR. Angizwa kahle uthini? Maye,maye,maye,maye,maye,yaze yangi phika indoda ngikhonawe mame! Kodwa awunamanga wena Dro-?

Dromio.E. Njenganini lapho ngike ngiqambe amanga nkosikazi? Ungiwu le ngempama kukhala amabungane emadle6eni ami sikhulumanje. Uyaga6ela uthi yena 'kanamfazi,uyafika kulelizwe.Impela ngizwa ngifikelwa yinsini uku6ona indoda iphika kangaka umkayo.

ADR Hmn,hmn kade ngam6ona ngazithulelanje;namhlake sekubeduka konke loku akade ayekufihla;niyamuzwake uyangiphika manje emini ka-BA!

Udiniwe ukhuluma yedwa

ANTIPHOLUS. S.: Ho,uthi kodwa akumihlola yami le yoku6a ngithumele isigqili nemali siya6uya siyangibedela kodwa asisho ukuthi imali siyenzeni? Isigqili siya6uya sesingitshela ngomkami engingazange ngi6e naye noma ilangalinye madoda akithi! Konje lelidiloba livele liyashiwo lidume ngezige6engu? Pho lesi esami isigqili sesifunda u6uge6engu ngami? 6andle phakathi ngaku6ona okukhulu,loku okulukhuni!
Kwathi ngingakay i6oni nemigovu e6ikwayo kulelizwe okuthiwa iye ifike izishaye umnganyanawakho kanti izokuqola,ngahlalukelwa ngesami isigqili ohleni nje? Kodwa yini le engiyenzawa ngu Dromio inceku yami?
Hayi,uma lelizwe lizo6anje kudingangisheshe ngimuke.Angikwejwa yele mina uku6a sezweni lapho ihlazo lingaziwa khona.
Lomkami osengi6iza ngingazange ngishade lo owaka6anike?
Kodwa kuhlalwa kanjani nje lapha? Hmn,hmn,hmn,hmn.......

END EPISODE ONE

UKUPHELA KWESIQEPHU SOKUQALA.

K.E. MASINGA,

S.A.B.C. DURBAN.

JANUARY 1953.

Broadcast.............1953 at Durban Studios.

# " THE COMEDY OF ERRORS "

( AKUNSINI KUXA6ENE U6ENELE )

(Shakespeare)

UMDLALO OLUNGISELELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE................WRITTEN
Ngu..................By

K. E. MASINGA

A6adlali Cast

ADRIANA(Umka Antipholus wase Ephesus)
Wife to Antipholus of Ephesus)

LUCIANA(Udadewa6o ka Adriana)
Adriana's Sister

DROMIO( Wase Ephesus)

ANTIPHOLUS OF SYRACUSE(Wase Syracuse)

DROMIO( Wase Syracuse)

THE C O M E D Y OF E R R O R S.
AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE

1.

(KUXOXA O ADRIANA NO DADEWA6O ULUCIANA.)

ADRIANA Nansi inqa6a 6o umyeni wami akasa6uyi ngani kodwa,yona le nceku yakhe yona seyihleziphi nje nempela?Konje ukuma kwazo izigqili uma zithunyiwe zisuke zithole ithu6a loku6a zifeze izindlela zazo,zihambe ngokudoda.Awubeke dadewethu Luciana sekudlule eside isikhathi lesi ngisithumile lesigqili kodwa asi6onwa ngalukhalo.

LUCIANA Cha,dadewethu,mina mina ngisola ukuthi mhlaumbe uhambe na6anye a6athengsi a6ayizigwili kanyekanye,na6anga6alingani kanyekanye emse6enzini,6aya kodla kwenye indawo yokudla kanyekanye.Asidlenje dadewethu Adriana uyeke ukuloku uzifakaumoya omu6i ngendoda ngo6a amadoda kakade ama6utho azikhuzayo seloku kwathi qheke.Uma indoda isa6ona inhlamvunje yelangayenza nomayini ili6ale nomaphi lapho ithanda khona. Indoda i6uya ngo6a seyifinyezwe yizikhathi zokuncipha kosuku.Duduzekake dadewethu,ungayi6ambeli eduze kangaka indoda. Asidle ukhohlwe yindoda.

ADRI Uthini dadewethu Adriana-uthini?

LUC Ngithi amadoda nga6antu 6enkululeko ngemvelo ya6o.

ADRI Wosh,mame,ngu6ani yenaowathi amadoda maka6e nenkululeko eyedlula eyesifazane nje nempela? Nawe uyawavuna?

LUC Kwenza ngo6a umse6enzi wamadoda uwaqhwe6ela phandle,awukho endlini,uphandle enkululekweni.

ADRI Wuthike yikho loku mina indoda ngiyise6enzele ngiyikhonze kahle yona ingangikhonzi,inganginaki?

LUC Ye6o kufanele ngo6a yiyona ephethe amatomu alomuzi.

ADRI(ngolaka) Amatomu,amatomu ani wona? Kanti ngiqondiswa ngamatomu nje ngiyimbongolo yini yona eqondiswa ngamatomu?

LUC Uya6ona dadewethu,ngikutshela ukuthi ngisho isinyoni zasendle emoyeni,ngisho izinhlanzi zolwandle nemifula zihloni pha amadoda azo.

ADRI Wena dadewethu Lucie uyabeda nje,umane..............

LUC Lalela ngikutshele ngikweluleke:Wonke Umhla6a wadalwa kusukela ekuqaleni uku6a a6a6usi 6awo ku6e ngamadoda 6awulawule njengokuthanda kwa6o,kuthi a6esifazane 6atho6ele u6ukhulu 6amadoda.N gisho ezilwaneni idalelo lawu6eka lowo mthetho wo6ukhulu 6esilisa.Noma isifazane.soyathanda noma cha,si dinga sitho6ele umthetho wesilisa.Ngithi dade musa ukuloku upane indoda.

ADR Kade ngasho ngathi awendinje sewumdala kangaka wena wenziwa yilengqondo yakho embi.

LUC Ukwenda mina angivinjelwe yilokho.

ADRI. Uma ushadile ngaku6e awukhulumi kanjalo.

LUC Kusizani khona ukushesha ukushada umuntu wesifazane enga kakwazi ukuhlonipha indoda yakhe?

ADRI. Wena ungathini uma ushadile indoda yakho ihamba idwaniza?

LUC Ngingahlala ngiyilindele ngaleso sikhathi engafika ngaso.

ADRI Suka uyangidanisa wena;ukhulumisa okwesithutha esingasha dile ngempela,esica6anga ukuthi singa6ekezela noma yini.

LUC Nami ngiyoze ngishade ngolunye usuku.

KUZWAKALA IZIGI ZOZAYO

LUC Awuzwa izigi zozayo,nazo izigi hleze ku6e ezayo indoda yakho,kade uyithethela uyikhalela,uthetha.

KUNGENE ISIGQILI U DROMIO WASE EPHESUS

ADRI Umshiyaphi umnumzane wakho umyeni wami Dromio wafika wedwa? Naye useseduze yini?

Dromio.E. Cha.

ARI. Wathi cha?

DRO.E. Impela angimazi ukuthi ungenwe yini umnumzane,ngo6a uma akasiyo inkosi yami ngaku6e ngithi uyahlanya.

ADRI. Ngo6a yini?

DROMIO.E. Kuthi uma ngim6ikela ukuthi wena um6izele ukudla yena a6ize imali kimina athi usanda kunginika yona.;ngithi uma ngimtshela ngokuthi ukudla kuyaphola ekhaya aphikele le a6ase imali yakhe ;kwalisa ngisho sengim6iza ngiphike lela,yena angayinaki leyonda6a a6ize imali yakhe. Kuthi uma ngithi"Mnumzane u6izwa ngu nkosikazi wakho" athi yena " hambauyomlengisa lowo nkosikazi othi ngowami." aqhu6eke athi akanamfazi yena.

ADRI. Uyayizwake leyonto dadewethu Kuciana wena okade umvikela umkhwenyawenu.uthi uyindoda edinga ukwenza ngokuthanda ngo6a mukhulu!

LUC. Khuluma kahle wena sigqili,ungaxa6anisi umuzi kadadewe thu.Uthi uzwe yena impela umkhwenyana esho lokho?

DRO.E. Ngawakhe amazwi nomlomo umnumzane wami uthe"Mina angazi muzi enginawo,anginamfazi";kuthe uma ngiqhu6eka ngiqhulu sela wangishaya,wangishaya ethi ngiyisigqili esedelelayo esim6izela umfazi angenaye.Ungishayile u6onanje.

ADRI Sinamaga lesigqili lesi,asizange siye lapho sesiqala amanga.Phindela khona ngingaze ngikushaye khona manje.

DRO.E. Ini?Ngenzeni?Ngiphindelephi? Ngiyoshaywa futhi? Hawu suka kunga6e akwenziwalutho lapho.Thumela esinye isig qili nazi ziningi lapha ekhaya.Kanti mina 6engithe ngizo loku ngidindwa ngedwa ngo6a ngenzeni?

ADRI Phindela khona futhi ngikuqulele ngalesijingi engisi6a ndayo khona manje.

DRO.E. Sale sewungiqulela okungenani nkosikazi,kunani ngiyisi gqilinje.

ARI. Ha6e kanti wena sigqili unenkani yini?Ngithi hamba uyo

61 6iza umnumzane ungaloku unkfuza lapha! Awu6oni ukuthi ngingu nkosikazi yalapha ekhaya enkulu wena uqha6a nami inkani ngo6a yini?

DRO.E. Noma ngiyisigqili kodwa angisilo ibola lokugingqwa liyi swa ngalapha nangalapha.Impela nina seningenza ugingqwa yo kanobutshuzwayo wenu nje.

4.

KUZWAKALA UKUNCWINA KOKUNCAMA NOKUTHINTA ISIKHWEHLELA

LUC Uya6obake dadewethu ukuthi lesikhwele sakho sikhwenza umuntu ophansi nowedeleleke ngaphezulu kokwenza?

ADRI. Ye6o phela nawe uyamvumela umkhwenyawenu. Uhlezi yena ezi ndaweni zakhe nezithandwa zakhe, mina ngithe khomololo ngi hlezi ngincinda izithupha ekhaya lapha ngikhumbula yena. Uma ekwenza konke loku ngo6a mhlaumbe sengigugile yini anga zi; kodwa noma kunjalo akaqonde ukuthi mina ngagugiswa ngu ye. Anginakuyimela into enje mina ngisho kungathiwa nginje ngetshe lika mabula.

LUC Dadewethu uyazi6ulala ngesikhwele esingaka ngiyakweluleka. Zotha khonauzohlonipheka!

ADRI Ngizothe, ngozothe kwani kona? Ngizothi ngihlupheka 6engizotha tha? Umuntu wesifazane ongamela lento eyenziwa yindoda yami anga6e uyisiwula esingenamizwa. Mina ngazi kahle ukuthi le ndoda ayikhonje lapha isezindaweni zayo eziyithokozisayo; uma 6ekungenjalo ngaku6e ilapha kimi. Impela dadewethu loku okwami yiloku okukhulu, okwezandla; ngisho insimbi ye golide eqinile ingaze iguquke iguge uma iphathwaphathwa kanje; nami sengiya6ona ngiyoze ngife ngingumfazi ozinyembe zana.

LUC Hawu, he, kazi 6angaki a6antu 6esifazane a6anesikhwele esi ngasizi lutho nesingangesakho dadewethu? Hawu saze sakwenza isilima isikhwele, saze sakwehlisake thina; futhi wena siyaku hlanyisa isikhwele dade. Nezigqili lezi zakwakho sewuyize kuzo zona.

ADRI Wow, he yeko kwami, sengiphendukelwe nanga6akwethu, ngiphendukelwe nayizigqili zami zivuna lendoda engihlupha yo; konje kunjalo uma kwemuke intokozo kungena usizi.

KUZWAKALA UMNKENENEZO WE JEWISH HARP

O ANTIPHOLUS WASE SYRACUSE NO DROMIO WASE SYRACUSE LAPHA 6AYAXOXA.

(Uhlezi yedwa uyaxoxa u Antipholus)
(U6ona isigqili sakhe siza sikude)

ANTIPHOLUS.S.: Nasiya lesiya sigqili siza esingu Dromio,kuso6ala ukuthi imali engisithume nayo siyiphethe manje kade siyiphi ka;uma kungenjalo siyithukusile.sesiza laphanje sizongihlo la.Asazike ngo6a seloku ngamthuma wanyamalala.

Dro.S. E,Mnumzane wami!

ANT.S. Akewushoke Dromio ukuthi awukaguqki kulokuya okade ukusho na?Awukathandi ukuyeka lokuya kutekula kwakho ongicanule ngako? Namanje usazosho ukuthi uthunywe ngunkosikazi omse6e nzelayo uku6a uzongi6izela e dineni?Kodwa 6ewuže ukhulume kanje kanjeyana nje 6euhlanya yini?

DRO.S. Hayi mnumzane angiyazi leyonto okhuluma ngayo,angizange ngiyisho.

ANT.S. Hayi wena musa ukuphika into osandakuyisho 6o.

Dro.S. Cha,seloku ungithumile mina angizange ngiku6one.

ANT.S. Yey,mfokazana,unga6ophika into osanda kuyisho,6engathithi nguwe lona o6ewungi6izela:smadina ka nkosikazi othe uyamse 6enzela,washo nokuthi ungu mkami lowo nkosikazi.

DRO.S. Hmn,ngiyathokoza ukuku6ona usase kangaka nkosi yami kazi usas usasiswe yini kangaka?

ANT.S. Ha,kanti uyedelela,ungaphuphisa ngibekile emehlweni ami?

KUZWAKALA UKUSHAYWA NOKUKHALA LAPHA

Dro.S. Kodwa uze ungingqimuze kangakanje nkosi yami ngenzeni?

ANT.S. Kuthi ngo6a ngesinye isikhathi ngike ngikutekulise wena se wuca6anga ukuthi zonke izikhathi umuntu udinga ukutekuliswa ngo6a yini? Awazi yini ukuthi kukhonaizikhathi zamancoko nezokuzotha?U6ozikhetha izikhathi zokungincokolisa,ungi6o ne mhla ngimnandi nangamhla ngingemnandi emoyeni.

DRO.S. Hawu,he ngaze ngasheyelwa ize mina ka 6a6a.

ANT.S. Ngikushayela into oyaziyo.

DRO.S. Angiyazi into ongishayela yona neze.

ANT.S. Okokuqala,ngikushayela ukungedelela,okwesi6ili ngikushayela into osewuyenza okwesi6ili uphindelela.

DRO.S. Ngiyawu6onga lomusa wakho wokungishayela ize kangaka ngi ngenzanga lutho.

ANT.S. Ungi6ongelani pho.Uyangibuqa?

DRO.S. Ngi6onga ngo6a ungiphe into e6engingayilindele.ngingayibe le,ngisho phela ukubonywa loku omgibonya ngako.

ANT.S. Uma kwenza ngo6a ngikunike into o6swungayilindele,ungayi fanele,kusho ukuthi uyothola e6eyngayilindele ungenathemba layo ngelinye ilanga.

KUZWAKALA I JEWISH HARP ETHAMBILEYO

ADRI. Ha,he,hawu,kodwa yini myeni wami Antipholus wa6anje manje? Sezikuthathile yini ezinye izintokazi mntakwethu na? Wangikhohlwa ngingu mkakho na?
Awusazikhumbuli yini izinsuku owawufunga uga6ela ngazo uthi awusoze wangikhohlwa na? Awusakhumbuli yini ukuthi wawuthi ukuzwa izwi lami ngikhuluma kudlula yonke imgoma kuwena?Awusakhumbuli yini ukuthi wawuthi izwi lami noku6u ka kwami kuyakudaka na?Wawuthi nginele ngikuthinte ngesa ndla qede udunyelwe kuthi sangana:
Pho manjena sekwakhwala nyonini mntakwethu? Yini kodwa wa phuma waqedanje entweni owawuyiyona nendlela owawungiphatha ngayo.Musa ukungilahla Antipholus wami.Wena ungathini uma s... sewungi6ona ngingu Simukanandwendwe?Guqula umqondo ndoda yami.(Akhale kuzwakale ukukhixiza)

RECORD MUSIC-" LEZO ZINSUKU" by Harmony Bantu Minstrels

ANT.S. Ha,ha6e,ha6e,ngase ku6e mame ukhalela mina yini?Ubinela mina yini?Kodwa uthi nginanda6ani nawe loku angikwazi na kukwazi? Ngase ku6e yonke lenkulumo uyiqondise kimina ka njani?Kodwa mihlola mini le engehlelayo? Mina nkosikazi angikwazi nokuthi ungu6ani u6onanje?

THE COMEDY OF ERRORS
AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE

7.

ANT. S. Kulelizwe lalapha e Ephesus kungama hora ama6ili zwi,angi kazi muntu angikaziwamuntu futhi,ngaleso sikhathike soku fika kwami akukafaneli uku6a kungase ku6ekhona umuntu wesifaze fazane ongase athi uyinkosikazi yami,nongase angikhalele izinyembezi athi ngiyindoda yakhe ngo6ake futhi seloku nga zalwa 6engingazange ngilu6eke olwami unyawo lapha kulelizwe. Phoke wena ngase ku6e ngase ku6e ngashada nawe ngiku6one ephusheni yini nkosikazi? Hayi wena musa ukudlala ngami funa indoda yakho uma yalahleka.

ADRI(esangene) We,we,we,we,we,we, yaze yangiphika indoda kungeyami kodwa yinto ezokwenziwa njani yona le? We,we,we,we......

ANT.S. Ukhuluma ukhixiza izinyembezi uze u6e mixhili6ananje angikuzwa nokuthi uthini ngo6a ngiyadinganje ukuthi usukwe in yini.Mina 6engithi uyisincokoli esikhulu kodwa sengididwa ukuku6ona sewukhala ezimaconsi,ngo6a sewusizakele uthi ukha lela mina ndoda yakho.Mame,angikwazi mina ngiyeke phansi!

ULUCIANA UDADEWA6O KA ADRIANA UKHULUMA NGOLAKA

LUC- Hawu,hawu hawu,mkhwenyana wenza amanyalaumdala uyindoda waphika udadewethu emini ka ba?Kodwa mkhwenyanaungenwe u6uhuzu6uni? 6engathi khona manjenje udadewethu uAdriana kade ethumele isigqili lesi salapha ekhaya senu u Dromio uku6a ayekoku6izela ukudla kwedina?

ANT.S. Ethumele u6ani kimina?Nansi imikhu6a 6o ikhwela ngaphezu lu!

Dro.S. 6ewuthumele u6ani?Mina? Hmn,akenimuzweni!

ADRI Ye6o,6engithumele wena uqo6o lwakho;wa6uya wena wathi ufike wangenza inhlekisa yokungiphika,wathi akanamfazi yena,washo nokuthi yena uthe akanamfazi,wenqa6a nokuzodla idina lapha,wathi uphike nokuthi unomuzi.Manje sewuphika ukuthi lawomazwi akafikanga nawe ngomlomo wakho?

ANT.S. Nembala ukewaxoxa nalenkosikazi Dromio ngami?

Dro.S. U6ani?Mina mnumzane wami?

THE COMEDY OF ERRORS
AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE



ANT.S. Ye6o ngisho wena uqo6o lwakho.

Dro.S. Angimazi lo mkosikazi,ngiyamqa6uka lapha khona manjenje. Lezinto athi ngangizikhuluma naye,hayi,cha.

ANT.S. Unamanga mfokazana! Futhi wena uke wangitshela into ehambe lana nale ekhulunywa yilo nkosikazi ngesikhathi sinawe la phaya emarkete.

Dro.S. Cha,mina ngiyamqa6uka lo nkosikazi angimazi neze.

ANT.S. Pho kwenziwa yini lo nkosikazi asi6ize ngamagama ethu ange mpela uwazi ngani? Uyabula uyisangoma yini?

ADRI. Kwaze kwangakufaneli e6ukhulwini 6akho oyi6ona uku6a uvu melane nesigqili sakho kangaka ekungichilizeni.Waze wavu nana nesigqili sakho ngokungiphikake thina.Noma sewungi phika kagakanani kodwa nginguye umkakho womshado nokwenza.

ANT.S. Kodwa uthi ngiyindoda yakho nje wawushade nami emaphushe ni yini?Kaze sashada nawe silele siphupha yini sithe sivu ka ngangingasakwazi yini.Ngiyakuzwanje ukhuluma kodwa yi mbude nje yonke le oyishoyo.Angisiyo indoda yakho mina angikwazi.

LUC Dromio,musa ukuloku uqamunda lapha hamba uyitshela ezinye izigqili nilungisele ukwendlala amatafula kudliwe.

Dro.S. Wawu,6akwethu nalizwe lenqa6akayitshwana impela.Lapha kusezweni zweni eli6opha inkatha enkangala i6opheke.Lapha impela yi lelizwe okuthiwa kukwa Mpunzidlemini,kwaMachanca.Lapha kulelizwe umuntu uzingelwa yizimpunzi.

LUC Sigqili nginga6othi ngikhuluma nawe 6ewukhuluma wedwa! Uyezwa Dromio lelivila sengathi yinyosi engenaludosi; lento elivila sengathi umnenke.

Dro.S. Impela sengathi akumina lona;nithi angipoki kodwa.Yini le eyehlakalayo kulelizwe?Kuthiwani kithina kangaka? Saqhwa gwanje.

ANT.S. Nami ngiyakuvumela Dromio,emoyeni wami ngizwa okuzwayo. Izingqondo zethu sengathi ziluthiwe azise6enzi.Yinqa6a le.

THE C OOM E D Y OF E R R O R S
KUNSINI KUXA6ENE U6ENELE



Dro.S. Mina nkosi yami nekhanda lami sengathi alisathathi kahle sengathi selindikindiki ngenxa yalezehlakalo esifalakahlwa ngazo. Nami se ngathi akusemina kahle.

ANT.S. Cha kuse nguwenje Dromio,ungesa6i.

Dro.S. Cha,nkosi ngikholwa ukuthi sengiguquke imfene ka nohoha.

LUC (ngokunengwa) Uma wena uguqukile ngithi uguquke wa6a yimbongolo uqo6o lwayo.

Dro.S. Impela uma ngiyimbongolo kufanele ukuthi ngi egitshelwe nguwe.Phoke ngimangaliswa ukuthi uma kunjalo asazani ngani loku imbongolo nomniniyo 6ayazana njenana!

ADRI. Wosh,waphu.mina sengikhathele yilembude yalomuntu oloku ehlekisa ngami 6ene sigqili sakhe.Wena myeni wami asiha mbe ngenkani siyodla ukudla kuzoze kuphole,woza,shesha! Wena Dromio sigqili habaulinde isango kungangeni noyedwa umuntu oyisihambi,umtshele ukuthi 6ayadla onkosi no nkosi kazi ngaphakathi,nodadewa6o umlamu we nkosi yakho. Luciana dadewethu woza siyodla kade sidlala la6a6antu a6a namele phezu kwethu mntaka 6a6a.Ngiyasola 6aphakamisile.

ANT.S. Ha6e kanti ngiphi uma ngilapha?Ngise zulwini,emhla6eni noma esihogweni?Ngilele noma ngiphapheme?Ngikhona noma angikho?Kulapho ngizoke ngi6one kahle ukuthi lomnyama wale nkungu ungiyisaphi nokuthi uzongigcinisaphi.

Dro.S. Ngililinde isango nkosi yami?

ADR. Musa ukuloku u6usau6uza,linda isango lelo,uma ungakwenzi loko ngizof6hloza ikhanda lakho.

LUCIANA Ukudla sekuze kwaphola kwathi cwe yinda6a yakho mkhwenyana. Kodwa yini ududane nesigqili kangaka?

END EPISODE TWO.
UKUPHELA KWESIQEPHU SESI6ILI.

K.E. MASINGA,
S.A.B.C. DURBAN.

JANUARY 1953.

Broadcast ............1953 at Durban Studios.

J.P.L.

# " THE COMEDY OF ERRORS "

"AKUNSINI KUXAƂENE UƂENDLE "

(Shakespeare)

UMDLALO OLUNGISELELWE UKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE..............WRITTEN

Ngu.................By

K. E. MASINGA

Aƃadlali........... Cast

MXOXI I

MXOXI 2

ANTIPHOLUS WASE EPHESUS

DROMIO WASE EPHESUS

LUCIANA( Udadewaƃo ka Adriana umka Antipholus wase Ephesus)

ANTIPHOLUS WASE SYRACUSE

Isiseƃenzi-Iziseƃenzi

ANGELO ( Owayeseƃenza nge Golide-Goldsmith)

DROMIO WASE SYRACUSE.

ADRIANA( Umka Antipholus wase Ephesus)

" THE C OOM E D Y OF E R R O R S"
"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

ANT.E. Cha,6akwethu nisixolele sesiyahamba thina.Umkami uyathetha uma ngingangafikanga kahle ngesikhathi ekhaya,ngakoke sesiya hamba nesigqili sami lesi:Uma angesa6i ukuthi sona songida lula 6engizofika ngithi kade ngilitshaziswe ukuthengela umkami umgexo wakhe;phpke uma ngike ngasho njalo angangichaka lona asho yonke inhlalo e6esikade siyihlezi lapha.Angikhohlwa mhlazana ethi ngathembisa ukuthi imali eningi yegoli, washo nokuthi ngake ngaphika umkami nomuzi wami.Kodwa sida kwa somfokazana wawuqondeni ngalelolanga? Yisho.

Dro.E. Uma lokho kwakubalwe ngesandla,nkosi yami,ngaku6e yisandla sakho-nje noma ku6ani osaziyo,noma ungaphika.

ANT.E. Wenaufana nembongolo uqo6o lwayo .

Dro.E Akusenani phela uma ngiymbongolo ngo6a khona-nje ukuhluphe ka kwami kusho khona loko;kodwa uma 6engiyimbongolo ngaku6e ngiya6akhahlela a6angihluphayo.

Mxoxi 1, Eqinisiweni noma kuxoxwa nje 6a6engezwani la6a 6antu a6a6e ngo Adriana no Antipholus nodadewa6o ka Adriana uLuciana ngo6a eqinisweni 6onke la6a6antu 6a6engazani,kodwa la6a 6esifazane 6a6engasi6oni leso siphosiso sa6o sokuthi la6a 6anumzane 6a6aphikanje akusi6o a6a6o nempela.

Amadoda-a6ayeni 6alawa makhosikazi ngaphandle kuka Luciana owayengakagani,ayesendleleni eza khonalapha ekhaya kanye lawo,lona lelikhaya okuthiwe ase agavulelwa iminyango nxashane efikayo,ngo6a unkosikazi wayedla nomnumzane owa yeca6anga ukuthi ngowakwakhe kanye nomlamu wakheke u Luciana.

Mxoxi 2. 5ahlezi laphanje la6a 6esifazane 6anelisiwe ukuthi la6a 6esilisa nga6alapha ekhaya,kanti 6aluthwa ukufana kwalawa mawele,okwakuthi uma elinye lingekho umuntu afunge athi elinye ngelinye kusukela ku6anumzane kuye ezincekwini kungo mbangqwa a6afanayo.

Nomlamu lo uma ekhuluma nalo mlisa u Antipholus uca6anga ukuthi ukhuluma ku Antipholus ongu mkhwenyawa6o kanti ukhuluma nephahla elingu mfowa6o.

" THE COMEDY OF ERRORS "

" AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE "

ANTI.E. Ngqo-ngqo-ngqo ekhaya!

......Nya

"

..........Nya

"............Nya

(athukuthele u Antipholus umnumzane)

Vulani 6o,yithina sino Dromio 6alapha ekhaya.

KUZWAKALA UKUKHALAKOGUBU NOKUHLEKA KWEZISE6ENZI ZIHLELA EZIKUTSHELIWE NEZIKUZWAYO MANJE.

Isise6enzi Simemeza: Musani ukuzihlupha nina eningqongqothayo ngo6a unkosi no nkosikazi 6ayadla ngaphakathi no nkosazana udadewa 6o ka nkosikazi umlamu wenkosi yethu e Antipholus;sinikwe umthetho wokuthi asingavuleli zihambi 6aze 6aqede a6akhulu 6ethu.

ANT. E. (ethukutheke): Vulani. U6ani omunye umnumzane walapha ekhaya ngaphandle kwami? U6ani lonaenithi udla idina nomkami endli ni ozenza mina kodwa mina ngilapha?Vulani zise6enzi funa nginixoshe nonke khona namhlanje.Aningihloniphi ngani ngi yinkosi yenu.

Izise6enzi:(ziyahlake) Ha,ha,ha,ha,ha,ha .........ha.

ANT.E. Kodwa ngase ku6e ngu6ani lona okuthiwa udla nomkami lapha ekhaya endlini? Into engididayo ukuthi umkami uyavuma uku thi lendoda adla nayo yindoda yakhe nokuthi mina angingavu lelwa.Nansi imihlolo 6o!

ANT.E. ZINCEKU ZAMI NGITHI VULANI KHONA MANJE(Kuzwakale u6ungango ngo.6esicaba.6olaka olukhulu)

IZISE6ENZI: Ha.ha.ha.ha.ha, (Insini enkulu)

ANT.E. Dromio (E).

DrO. E. Nkosi yami.

ANT.E. Uyayi6ona imihlola ikhwela ngaphezulu?

Dro. E. Impela nkosi,imihlola 6a6a.

"AKUNSINI KUXAGENE UGENDLE"

NANGU U 'Angelo' UMGAYI WEGOLIDE( Goldsmith)

ANGELO Ha,nguwe mnumzane Antipholus!

ANT.S. Yigama lami lelo pho uthini ngaloko?

ANG. Nali iketanga legoli owathi angikwenzele lona,kodwa awusa lilandi ngani ulethe imali yami yomseGenzi,ucaGanga uku thi ngiphile ngani?Leliketanga lakho langichithela isi khathi eside kaGi nomseGenzi wokucophelela lona wodwa. Sengiyenzile into owawufuna liGe yilona,letha imali yami ke ndoda Antipholus.

ANT.S. HaGe,pho uthi angilenzeni mina leloketanga lakho?

ANG. AnginandaGa ukwazi ukuthi uzolenzani,mina ngifuna imali yami yomseGenzi wami engawenzayo ngiwenzela wena,nguwe oyoziGonela ukuthi uzowenzani,wena mnini weketanga.

ANT.S. HMN! Yehe-GaGa,kwangiqonda okukhulu futhi mina ka GaGa! Walenzela mina,wawungiGonaphi nje nempela?

ANG Mina ngikwazi kahle hle sikhule nawe.Mi,lithathe noma imali ungayiphethe ngoyilanda emzini wakho kusihlwa se wuhlezi unethezekile ngofika ngiyilande,sewuhlezi nomka kho.

ANT.S. Kulukhuni kaGi ukukwanelisa ukuthi agikwazi,okungenanike thatha mi nansi imali khona uzonyamalala emehlweni ami.

ANG. Angijahe lutho kangako njengalo ucaGanga ngoGa ngiyakwazi emzini wakho. Wena uyisichwensi esikhulu esidlala ngekhu Ga nomakuziliwe-hmn!

ANT.S. Hayi Gandla angizange ngikuGone okunje seloku ngazalwa. Kodwake uGani oGengala iketanga elihle kanje emhlaGeni uma kungelakhe?Kulelizwe umuntu akadingi noma eze aseGe nze ngoGa umane uphiwe impahla uzihambela ngendlela unga sange uyiseGenzele.Akewubeke leligolide engiphiwa lona ngingalindele,ngingalazi,kungazange kuGe ngelami. Cha,ngikhathele izigemegeme zalomhlaGa;okungcono into engizoyenza manje ukulindela isigqili sami uDromio.....

laphaya.....

"THE COMEDY OF ERRORS"

"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

ANT.S. ..........laphaya ngase Ndalini sizofika qede sikhwele um khumbi wokuqala oya kwelakithi izwe lapho a6antu 6ehlaka niphe khona.Hayi,ngikhathele yilelizwe lapho umuntu ephiwa yonke into le angayise6enzelanga,aze aganiselwe anikwe no nkosikazi ongewakhe.Awubeke ngiphiwa iketangaengingalaziyo. Impela,impela ngiyafunga ngiyaga6ela ngithi,lelizwe ela6atha kathi.A6antu 6alapha 6afike 6azi igama lakho ungazange u6a tshele lona ukuthi ungu6ani,6ayasuka lapho 6akwesulela nge nkulu into lena 6athi ngeyakho.

Mxoxi 2. Umkhandi wegolide owanika uAntipholus okungesiye ikatango legoli wa6oshwa masinyane kwathiwa une sikweletu,kuthe pha thaphatha kwafika uAntipholus lo owayeshadile lapho kwaku 6oshwa khona umkhandi wegolide yipolisa.L olutaku lwaze lwa faka no Antipholus okwakungesiye owayeqondene nalo ejele kanye nomkhandi wegolide.Nakuya eseya ejele eyo6oshwa ese hlangana no Dromio okwakungesiso isigqili sakhe waca6anga ukuthi uhlangana nesigqili sakhe.

ANT.E. Dromio!

Dr.S. Nkosi yami.

ANT.E. Hambauyotshela umkami u Adriana ukuthi ngi6oshiwe akangikhi phe,akunike imali yokungikhipha ejele.

Dr.S. Hawu nkosi yami,mnumzane ngilethe um6iko wokuthi isikebe esiya ekhaya e Epidumnum sikhona esilibdele,nomoya ophephe thayo sengathi uyathembisa.

ANT.E. Uyisthutha uqo6o lwaso wenawuyazi into oyikhulumayo.Angi nasikhathi sokubudelwa nguwe lesilima esathunywa ugwayi sa thatha i6oza lesi.Mi,nazi-izihluthulelo hambauyonikeza umkami u Adriana umtshele athathe akunike imali esebokisini alaziyo elihlala imali ngizohlaulelwalapha ngikhishwe ngo6a ngi6oshiwe.

Dr.S. Wow,he ku6uhlungu uku6a yisigqili soku,awubeke manje sengiha jiswa ngiyiswa laphaya lapho naye edle khona wa6aleka.

" THE COMEDY OF ERRORS"

"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

DROMIO.S. .........futhi laphaya kukhona umfazi ongihluphayo othi ngiyindoda yakhe igama lakhe ngu DOWSABEL.Ah,ngizohamba phela ngo6a umthetho uku6a izigqili zikhonze amakhosi azo.

KUZWAKALA IKHEEU LOMUNTU C.:UKADE EGIJIMA

LUCIANA Yini Dromio wakhefuzela kangaka?

Dro.S. Kade ngigijima.

ADRIANA Hawu,Dromio uphi umnumzane wakho umyeni wami?Unjani lapho ekhona kodwa?

Dr.S. Wusho lowo?Indoda yakho?Ikolukhulu utaku lolu oludlula isihogo.Usosizini olufana noluka Sathane olu6ukhuni nje ngensimbi.Usezandleni ezilukhuni inqa6a;useloku ethalaza njenge mpisi ibajiwe.Usezandleni za6ahluli 6amacala lowo.

Adr. Khuluma kahle wena Dromio uchachise uma e6oshiwe usho ukuthi u6oshelweni umyeni wami!

Dro.S. Angimazi ukuthi u6oshelweni kodwa u6oshiwe icala lakhe angilazi.Nginike ihlaulo nkosikazi,uthe imali isebokisini olaziyo.

Adr. Shesha dadewethu Lucie uyothatha imali,kazi isiphi lesikwe letu asi6oshelwe engingasazi umyeni wami 6andla-O he!

Luc Nansi imali mi.

Adr. Mi,Dromio nansi imali hambake uyokhokha uhlaulele umyeni wami,u6uye naye eze lapha ngokushesha.Hawu dadewethu ngi zokwenjani indoda yami i6oshiwe?

Luc Thula dadewethu uzo6uya umkhwenyawethu khona manje,uzo6o na se6evela nesigqili sakhe uDromio khona manje.

Adr. Hawu nkosi yami! Wena dadewethu awazi ukuthi amadoda akhathaza kanjani.Uma indoda ihambile uphumula ngo6a ingene ekhaya u6one ukuthi iphilile ihambe ya6uya kahle. Awubekeke lelicala e6elingahlinzekiwe muntu.

Hayi suka!

" THE COMEDY OF ERR●RS "

"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

ANT.S. Yinqa6a ngo6a 6onke a6antu engihlangana na6o kulelizwe 6ayangi6ingelela nginga6azi kodwa mina;futhi a6antu 6aleli zwe umuntu 6ashaya sengathi 6ayamazi noma 6engamazi 6asuke 6amejwayele nje;akewubeke wonke umuntu engihlangana naye emgqaqweni uyangi6ingelela sengathi uyangazi kanti cha: a6anye 6afuna nokungi6oleka nemali engimgayi6izanga,futhi 6azi negama lami nginga6atshelanga;a6anye 6angimemela emakhaya a6o sengathi 6anga6angani 6ami;a6anye 6athi 6a nga6athungi 6ezingu6o zami engingazange kodwa mina ngi6a qashe,6aze 6a6uze nokuthi ngofika nini ngizozilinganisa.

Impela lelizwe elenqa6akayitshelwana yezangoma nokwenza. Impela sengathi amadlozi akithi angangikhipha kulelizwe ngiphele ngithi nya,ngo6a sengiphendukelwe nangu Drmio isigqili sami,naye usengimpompela ezinye izinto nje engingazi ukuthi uqondeni ngazo nokuthi uzithathaphi. Hayi,impela lelizwe elezisangani nezidunyelwa.

END EPISODE THREE.

SIYAPHELA ISIQEPHU SESITHATHU.

K.E. MASINGA,
S.A.B.C. DURBAN.

Broadcast Durban Studios
Januar;
..................1953.

............ JANUARY 1953

J.P.L.

EPISODE FOUR. ISIQEPHU SESINE.

# "THE COMEDY OF ERRORS"
# " AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

(Shakespeare)

UMDLALO WOKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE.................WRITTEN

Ngu................ By

K. E. MASINGA.

A6adlali ............Cast

Intombi

ANTIPHOLUS wase Syracuse

DROMIO wase Syracuse

Umxoxi 1.

Umxoxi 2.

ADRIANA umka Antipholus wase Ephesus

UMFUNDISIKAZI(Emilia or Abbess) umka Aegeon.

LUCIANA udadewa6o ka Adriana

INKOSI (Duke Of Ephesus)

AEGEON uyise wamawele ango Antipholus

ANTIPHOLUS waseEphesus

Induna

DROMIO wase Ephesus

Episode Four " THE COMEDY OF ERRORS " Isiqephu Sesine.
"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

( SHAKESPEARE)

UMDLALO WOKUSAKAZWA NGOMOYA

UBALWE...........WRITTEN

Ngu........... By

K. E. MASINGA.

INDOMBI Ha,sahlangana kahle ngempela mnumzane Antipholus. Ngiya6ona impela kufanele uku6a sewuyiphethe manje impahla yami yegolide.Yilona yini iketanga lami legoli lelo oli phethe-ngisho leli owangethembisa lona?

ANTIPHOLUS.S: .Waphu suka wena lo Sathane lona,musa ukuloku ungi linga!

DROMIO.S. Ha,yini nkosi yami?wathi enkosazaneni iyinhle kagaka ingu Sathane,kwenzenjani?

ANT.S. Uma kungesiye uSathane lentombi,impela kunga6e akaphili. uSathane lo oshiwoyo.

DRO.S. Impela mnumzane wami uqinisile,lentombi nguSathane uqo6o lwakhe.Awuyi6oni lapho injalo!
Kufakazeleka konaokwashiwo nga6adala 6athi/intokazi e6uke ka kahle ngokuzi6eka kwayo kwa6esilisa,iyikhiwane elihle ngaphandle kodwa elinempethu phakathi."Ungasondeli nakuso ndela kuyona nkosi yami,umlilo lona oshisayo ngempela, washa ukusha loku.Yizwe ngo6a iku6iza amagolide ongawaziyo ukuthi wawuyithembise nini naphi.Ungasondeli kuyona mnumza ne,xwaya!

INTO. Hu...u! uyangimangalisa wena mlisa ngo6a uyisincokoli esi mangalisayo.Awuzwenje izinto ozincokola ngami ngizwa. Akunani konke lokho okushoyo ngami,wozani sihambe siyophu za sidle laphaya endlini yokudla nase nkantini 6alisa.

DRO.S. Ini? Uthini?Yini?
Ho,umuntu efuna ukudla sitsheni sinye no Sathane udinga a6e nokhezo olude ka6i.

ANT.S. Umma 6ani?Ufuna ukuyodla uphuze no6ani? U6ani om6ona efane le ukudla aphuze nawe lapha?

"THE COMEDY OF ERRORS"
" AKUNSINI KUXAбENE UбENDLE"

Mxoxi 1. Ufuna intambo yokuбopha indoda nje lomame ngoбa anelisiwe ukuthi yonakele ikhanda iyahlanya.Nansiya indoda seyiбale ka nesigqili sayo lesi seyiyongena esomtweni seyicela uku thukuswa ngu Mfundisikazi owayephethe lelo Sonto.

KUZWAKALA UMSINDO NOбUDIDIDI NAMAZWI AFUNAYO ETHI

Amazwi (1) Uphi (2) ushone lapha (3) Uphi pho? (4) uthi akange na ngalapha esontweni?(5) Hayi ngeke lwangena uhlanya eso ntweni. (6) Haбe yilona olungangena ngempela uhlanya.

Umfundisikazi (Abbess) Hawu,yini nafika lapha ethempelini elingcwele eliyi ndawo yokuthula ngokuphuthuzela nje yini?Kusehlane yini lapha kodwa? Kanazi yini ukuthi laphakusendlini yokuzotha, nokukhonza,nokuthula?Nawe nkosikazi uhamba nemihuqa nje kwenzenjani?

ADRIANA Cha ngumyeni wami lona esimlandelayo uyahlanya uphambene ikhanda,yikoke ngimlandelanje ngithi makaбanjwe yilaбa бantu siyomgcina.Ngiyamfuna ngempela.

Umfund (Abbess) Hawu,uhlanyiswa yini?Ulahlekelelwe yingceбo yakhe olwandle yini?S ikhona yini isihloбo sakhe esifile waseyasangana? Noma mhlawumbe usuke wathandwa ngomunye wesifazane uthando lwalowo lwase luyamsanganisa mhlawumbe,awusho?(uyamlinga)

ADRI He,he,washayakhona mfundisikazi,impela mina kadenje ngaso la ukuthi lendoda yami iqonyiwe ngoбa nasekhaya seyifika sesilele,kwesinye isikhathi keyiduke izinsuku ezimбalwa.

Mxoxi 2. Ngaleyompendulo wathula umfundisikazi wathwasa ukuthi lo owesifazane wenziwayisikhwele konke loku,nendoda le uma kuyiqiniso ukuthi iyaliбala ukufika ekhaya kwesinye isi khathi ingafiki kungase kuбe ixoshwa yiso isikhwele somfa zi wayo.Umfundisikazi lonawayeyinkosikazi ehlakaniphile, walingaukusenga iqiniso ngemiбuzo ezokwenza axoxe indaбa engazi ukuthi uyaphenywa.

Mfundi (Abbess) Wuthi kodwa nkosikazi awuyikhathazi ngokuyithethisa njalo indoda yakho ngoбa uthi iyaqonywa?

" THE COMEDY OF ERRORS "
"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

ADRI Nempela ngiyayithethisa.

Mfundi Kodwa ngiyasola wawungayithethisi ngokwanele ngo6a naku uthi isakwenza owathi ayingakwenzi?

ADRI We mame! Usho ngo6a ungazi usuke ungekho? Angimthethisi ngokwanele pho? Ngimthethisa njalo kwasa nje; Noma sidla eta fuleni akaphumuli yimina ngiyamthethisa; noma kulelwe ngiya mthethisa; ngisho kunga6akhona a6antu ngiyameluleka ngimthe thise kakhulu ngokuthi akufanele uku6a aqonywe yizintombi agikhohlwe mina mkakhe.

Mfundi (Abbess) Ha, nakoke okwenza uku6a indoda yakho ihlanye uma ihlanya: Uya6ona, ukuthetha komfazi onesikhwele ethethisa indoda yakhe kunesihlungu esi6ulalayo esidlula esamazinyo enxe6a lokulunywa yinja. Uhlanyanje umyeni wakho! ngo6a kade engasa lali u6uthongo ngenxa yakho umthethisa, lokoke kwathikameza kona ingqondo yakhe; Nawe uyavumauthi 6ewumfundekela noma elele, noma edla, lokoke kwadala uku6a ukudla nemishini yesi su yokugaya ukudla ingase6enzi kahle ngenxa yokumkhathaza kwakho, konke loko kwayona ingqondo yakhe ngo6a ukudla oku ngena egazini lakhe kungatshisekile kahle. U muntu wesilisa ogilwa leyo mikhu6a akaphili kahle engqondweni noma nini. Lezinto ozivumayo othi 6ewuzenza endodeni yakho yizona ezi yigulisayo, yizona eziyihlanyisayo, Ngamaye amagama indoda yakho ihlanyiswa yisikhwele sakho. Indoda ehlala ngokuthethi swa ngumkayo iyahlanya.

LUC Udadewethu akazange amthethise kakhulu umkhwenyana, wayemu thi nje kancane ukumqosela ngomlomo a6uye amyeke. Nakho loko wayekwenza uma umkhwenyana engaziphethe kahle. Wena dadewe thu awusamtsheli ngani loko umfundisikazi?

ADRI O, dade sengithethiswe kakhulu angisenanhliziyo yaloko. Nganani ngaphakathi nina zise6enzi zami, zigqili zami, ni mkhiphe lapha ngaphakathi umyeni wami sigoduke maye.

" THE COMEDY OF ERRORS "
" AKUNSINI KUXAБENE UБENDLE"

MXOXI Indawo lapho ayezonqunyelwakhona yayiseduze nakwa Mfundi sikazi ibekwe nguyena. Ne nkosi yesizwe yase ifikile yasho ukuthi nxa engase aбekhona ongase akhiphele lomuntu imali ayiбoshelwe iyomkhulula.

I nkosi (Duke) Ngisho njaloke бandla ngithi uma ekhona ongase ahlaulele lomuntu ukuбa angafi ngiyomkhulula lomuntu angafi.

Adri Nkosi uthini ngokuбa ungijezisele lo Mfundisikazi owenqaбa nendoda yami?

Inkosi Lo Mfundisikazi ngowesifazane ohloniphekile,nocweбile, akukho okuбi engingase ngikholwe ukuthi kwenziwanguye.

Adri. Nkosi,uAntipholus yindoda yami njengoбa nawe wazi. Ngenxa yokuбa ehlanya kanye nalesigqili sakhe naso sihla nya,sengike ngamбopha ngezintambo ngamfaka ejele waphunyula waбaleka emigwaqweni,wakhululeka wafunaukugwaza thina naбanye aбantu ngezinkemba;saze sathola aбanye бasisiza, samбamba waбaleka wazocasha lapha kwa Mfundisikazi. Sicelake nkosi ukuбa useбenzise amandla akho ukuбa siha mbe naye aphume lapha nkosi,kodwa wala naye umfundisikazi umgcine lapha kwakhe.

Inkosi Uyaбona nkosikazi,indoda yakho yiqhawe elikade lalingilwela lingihlaбanela ezimpini;nami ngimazi ukuthi ungumuntu olungileyo njengawe owamvumayo ukuбa nishade naye ngoбa waneliswa ukuthi ulungile.Hambani nina бafokazana niyongqo ngqotha emnyango ka Mfundisikazi nimcele eze lapha ngingaka бeki mqondo wami ngalendaбa.

Adri(ekhala) Hawu,he yiyona le indoda yami ngempela бandla hawu-he.

Aegeon Hawu,hawu,yiyona impela le indodana yami eyangilahlekelayo! Wuthi angiphuphi?Nasinje nesigqili sayo esingu Dromio! Hawu,бandle'phakathi,nithi angiphuphi?

ANT.E. Nkosi,ngimfaka icala lo owesifazane wami ngoбa ngafika e khaya lami wangivalela ngaphandle wathi uhlezi nendoda ya khe бadla kahle,mina ngahlala phandle njengokhwahla.

" THE CCOMEDY OF ERRORS"
" AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

Inkosi Uyalivuma noma uyaliphika lelocala nkosikazi na?

Adri. Ngiyaliphika nkosi.

Inkosi Khipha ofakazi 6akho.

Adri Nangu udadewethu uLuciana ufakazi wami nḳosi.

Inkosi Kunjalo Luciana?

Luc. Ye6o nkosi kunjalo, udadewethu uphika into efanele.

Mxoxi 2. Lo Antipholus owayelaphakwakuyilowo owayelahlekelene no yise emkhunjini esewusana, nanguya lowo mkhumbi owawusaka zeka ematsheni olwandle, waseyeduka kanye nenye inganyana eyayizokhula i6e yisigqili sakhe egama layo lingu Dromio.

Aegeon Ndodana yami, phela uzongihlawulela imali yoku6a nginga6u lawa, ngo6a nginecala loku6a ngificwe lapha. Kungumthetho walelizwe uku6ulala a6athengisi 6ezwe lakithi uma 6eficwa lapha. Ungi6onanje ngiyisi6oshwa ndodana. Ngikhokheleke ima li yehlaulo.

ANT. E. Khehla, angikwazi seloku ngazalwa, angikwazi nokuthi ungo waphi, ngiyaqala nokuku6ona lapha namhlanje.

Aegeon Wow-he yeka ukuhlupheka umuntu okumguqula a6e noma yini. Yaka ukungaphatheki kwami kahle, yiko loku nosekungenze ngashesha ngaguga ngingakafaneli. Mfana wami awusangizwa nangenzwi kodwa?

ANT. E. Uma ngingakwazi wena ngingazange ngiku6one seloku ngaza lwa izwi lakho ngingathi ngilazelaphi khehla?

Aegeon Nawe Dromio?

Dromio Hawu, kodwa ngangiku6onaphi?

Aegeon Suka uphika into oyaziyo uyangazi Dromio.

Dro. E. Mnumzane ungangicindezeli ngokuthi ngiyakwazi ngingakwazi.

Aegeon Wo, he yekokwami, engingasaziwanangalukhasha lwezi!
Hawu, yeka ukuguquka kwezikhathi!
Izikhathi sezaguquka kkwaze kwaguquka nezwi lami imbala.
Ukudlula kweminyaka kwenze uku6a ngingaziwa nay indodana yami .....

"THE COMEDY OF ERRORS "

" AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

ANT.E. Nkosi ngiyakholwaukuthi lomnumzane ngu6a6a,nansi imali yo kumhlaulela.

Inkosi Cha,cha,yiyeke mfana wami.Ngiyalesula icalalika yihlo ngo 6a/iveze amaqiniso azwakalekhaleni ngokuso6ala.
Ngithi,hlanganani ni6e ngusapho enifanele uku6a yilona,ni hlanganise izinda6a zosapho nomuzi wenu,nihlale ngokuthoko za.

Emilia-Mfundi: (Abbess) Ngiyanimema nonke enilapha neNkosi uku6a kenithi gqi emzini wami oyingcwele siyothokoza kanyekanye siphuze sidle ndawonye okwesikhashana.

UMSINDO WENTOKOZO:: 6AXOXA EZOMNDENI A6AZALI

Aegeon Mkami Emilia othandekayo,izinkathazo zami yonke leminyaka ngihlupheka nginganazi lapho nashonakhona,6ezisika emoyeni wami njengenkemba.

Emilia Hawu,myeni wami,mina ngahamba ngigingqigingqika njengembo kodo,ngaze ngazozithela lapha.Ngangithi ngoze ngife ngizilile le njengaloku ungi6ona ngigqoke ezimnyama nje izingu6o. Phela ngizilele ukulahlekelwa yindoda yami nosapho lwami, kanti uSOMANDLA u6eqonda kahle akwenzayo nokuthi uyokwembu la nini.Kumnandi ukuhlangana sinjengo sapho kanye nezinceku zethu. Asidleni sithokoza sisase.

ANT.S. Mfowethu,akewubeke laphaya esi6ukweni uma simi nawe angikwa zi uku6ona ukuthi yisiphi esami isithunzi ngo6a siyafana ncwe ncwe.

ANT.E. Hey,mfowethu leyonto kade ngiyizi6ilenje ngamakhulu ama6omu lawa.Hawu,mfowethu sifana into exakile.Kazi izigqili zethu loku nazo ziyafana ziqhu6a kanjani?Akengizwe.
Dromio!

Dromios E.&S: Mnumzane!

ANT.E. Nasa6ela kayekanye,angi6izi wena ngi6iza owami uDromio. Kunjani sengathi ani6onaninje,noma sengathi anikwazi ukuze hlukanisa?

"THE COMEDY OF ERRORS "
"AKUNSINI KUXA6ENE U6ENDLE"

Dromio 1. Nathi sixakwe okuxake nina makhosi ethu-UKUFANA.

Dromio 2. Ukusa6ela kanyekanye loku yikho phela ukuthi uzothi uyathu laumuntu kanti u6izwa yinkosi yakhe,ngo6a nako phela nani makhosi ethu niyafananjengathi.

(KUHLEKWE)

ANT.E. Mfowethu yonke indawo lapho ngangihambakhona ngangithwala amacala akho ngenxa yokufanakwethu a6antu 6ehluleka ukwa hlukanisa.

ANT.S. Wuthi mina mfowethu awakho amacala ayengishiya yini?6enga thi ngaze ngangena ejele kuthiwanginguwe,nezintombi zakho zithi ngingu wena ngingazazi-ho!

(KUHLEKWE)

Adriana (umakhoti) Ha,ngiya6onga mama ngezeluleko owangeluleka ngazo ngingakwa zi nokuthi wawungu mamezala;ngiyaxolisa uma ngaleso sikha thi ngakuphatha ka6i ngenxayoku6a ngangikhathazekile Mama.

Emilia (uninazala) O,cha makhoti wakwami ungakhathazwa yiloko,mina ngiyalwazi usizi ukuthi umuntu lumfakaphi engaqondile,kodwanje u6osi thatha iseluleko sami sokuthi"UNGAZENZI IZINQUMO ZEMPILO YAKHO UTHUKUTHELE"futhi uqaphele ukuthi,"ISIIKHWELE SICHI THISA IMIZI KU6AFAZI A6ANGASITHATHI ISELULEKO; UMA ISIKHWELE UNGASIYEKI,UYOLAHLEKELELWANGUMUZI WAKHO.

ADRI. Ngiya6onga mama.

Aegeon Emilia,6iza a6antwana kesi........

Emilia 6antwana 6uyani nonke uyanifuna uyihlo nani Dromio wozani.

AEGEON Nithini 6antwana 6ami ngalentokozo engaka?

USAPHO(1) Yinqa6a (2) Engatshelwana (3) Yisi6usiso sika Somandla.

DROMIO: Ngithi mina sonke thina madodana enu safika lapha kanyekanye, ngakoke sidinga sihlale si6ambene ngezandla sithandane.

CAST......NGEMPELA.....HA...AWUZWAKE!!

Up Music:INANDA SEMINARY CHOIR:A6antu a6athandekayo.

END EPISODE FOUR :: UKUPHELA KWESIQEPHU SESINE.

K.E. MASINGA,
S.A.B.C. DURBAN.

Broadcast Durban Studios

.......................1953.

JANUARY 1953.

Finis